7. Maximize investment in the development and marketing of tourism products. Given the strategic importance of the Tourism sector, contributing 10% to the GDP of the province, specific attention will be given to ensuring that the 2010 international platform is fully utilized to truly launch the tourism potential of this province. KwaZulu-Natal will be packaged and aggressively marketed as the destination of choice for investors and tourists. We will also begin the process of developing a Tourism Master Plan which would then provide a strategic direction for future growth and development in this critical sector.
8. Maintain constant focus on developments relating to the 2010 FIFA World Cup. In this regard, the province's business communities would have to be positioned to benefit immensely from this sporting spectacle while ensuring long term relations with potential investors and tourists that would be gracing our shores. The Department has a comprehensive strategy which it began implementing in 2008/2009. This has resulted in the first website in the country on 2010 providing ongoing information to various platforms in addition to various communication mediums to increase awareness and hype about 2010. The Department is driving the Public Viewing Areas wherein all citizens of the province, particularly those who are in the remotest areas of the province, are able to watch the football matches.
9. Finalize the Bills essential to help the full functioning of the Department and its entities towards the achievement of our strategic objective of accelerating growth for real economic transformation. These Bills are the Liquor Bill, the Dube Trade Port Bill, the Trade and Investment Bill and the Film Commission Bill.
10. Establishment of a special purpose vehicle which will co-ordinate government support to land reform beneficiaries in order to ensure that they are able to use this critical resource profitably.

NEW ANNOUNCEMENTS

ECONOMIC DEVELOPMENT

1. Economic Recovery Conference

Chairperson, it is obvious that a mere knee-jerk response to the current economic crisis is not appropriate. There is consensus at all levels of government- national, provincial or local- that the response has to be decisive and should somehow steer the economy and the industries that are its mainstay onto a growth path once more. It is for this reason that the Provincial government of KZN intends to convene the provincial economic recovery summit aimed at developing a strategy to protect, retain, enhance and grow the provincial economy. Titled "Roadmap Towards KZN's Economic Recovery, the conference will formulate the province's "Strategic Response" to the crisis. The focus is on developing an industrial development vision within government and between government and its partners. We have already agreed with our social partners, especially in civil society, which include COSATU and its affiliates in SACTWU and NUMSA that we will collectively attempt, as far as is possible to the minimise the impact of global recession in our province.

2. Alignment And Co-Ordination Of Public Entities

Chairperson, the mandate that we got is to grow the economy of the province for the benefit of everyone. The public entities are critical for this objective to be realized. Because they deal with various interconnected aspects of attaining this objective, therefore it becomes critical that while they maintain their independence in terms of their scope of responsibility there should be a co-ordinated approach to the bigger objective. As a result, a forum of CEOs of public entities together with the accounting officer of the department will have to meet on a monthly basis to discuss approaches to work and act as a platform to deal with challenges that any of the public entities might be facing before these escalate into huge challenges. This forum of chairpersons of the boards of public entities and their CEOs will meet with the MEC on a quarterly basis to check on progress and map the way forward. This is a way of giving support to entities as opposed to taking over their responsibilities.

3. Sector Focused Co-operatives

Chairperson, co-operatives remain one of the critical pillars on which our Department intends to create linkages between the first and the second economy. While there is a lot of progress that has been made in nurturing co-operatives and using them as a springboard for economic development, we feel that we should change our approach to co-operatives. In this regard, we intend cultivating sector focused co-operatives as opposed to omnibus co-operatives. In doing this, we will look at the strength of each sector and the analysis of the economic trends at the time. In order to ensure the viability of these co-operatives, we intend tightening our monitoring and support mechanisms so that these critical vehicles for economic development can yield the desired results.

4. Encouraging Business Cohesion

Chairperson, one of the defining features of all successful economies is the resilience of organized business community. The business chambers are one of the oldest forms of business formations. Our observation in this

province of KwaZulu-Natal is that, for various reasons, the business chambers have not been occupying centre stage in terms of articulating the business interests and acting as mentors for emerging businesses. We have also noticed that most of the influential CEOs of big industries do not participate in these chambers. As a result, the chambers have been deprived of the expertise and interactions between emerging businesses and established businesses. Our Department is going to embark on a drive to help encourage the business unity and restore chambers as fora for exchanging ideas.

5. Promotion Of KwaZulu-Natal As The Headquarters For Companies

Chairperson, the competition for scarce economic resources owing the global economic situation means that KwaZulu-Natal will have to do more to market itself not only as an investment destination of choice, but as a province that offers the best returns. As part of this drive, our Department has set itself the target of not only upping the ante in getting companies to invest in the province, but of also making a conscious effort to woo companies which conduct more than 80 percent of their business in the province to use KwaZulu-Natal as their headquarters. We believe that our strategic location of being the only province in the county with the two Africa's busiest ports should translate into companies wanting to base their business operations in the province. This, we believe, will yield added economic spin offs for the province of KwaZulu-Natal.

6. Ministerial Economic Group

Chairperson, the current global economic landscape is such that there should be more interaction and exchange of ideas between the government and all the sectors in society. For the province of KwaZulu-Natal to realize its true economic potential, efforts need to be made to ensure that we tap into the expertise that exists in all the sectors of our communities. For this reason, the Minister will establish an a Ministerial Economic Group of experts in the diverse fields of the economy which will serve as a think-thank and advise the minister on matters of policy and on how to ensure that KwaZulu-Natal is a leader in terms of attracting investment. Once we have finalized the process of appointing the names of the Ministerial Economic Group, we will announce them in due course.

7. Related Party Policy

Chairperson, for various reasons most of them unfair, Ithala has received negative media publicity, allegedly because of the way it conducts its business affairs. At the centre of this negative publicity, has been the accusation that there are some who have received financial assistance from Ithala under allegedly questionable conditions. These untested allegations of unfair practice have been bandied about as the gospel truth when no investigation has taken place and concluded that indeed such acts have been in contravention of the code of conduct of the institution. Despite our conviction that there was nothing untoward in extending financial assistance to the said individuals or entities, we nonetheless have resolved to come up with a clear policy that will regulate the lending

practices to entities or individuals related to some who are in positions of power and may have direct or indirect influence within the institution. We are finalizing the related party policy with a view to dealing with these allegations once and for all. However, we want to state for the record that it is common practice anywhere in the world that those who might be close to the financial institution be it via their spouses or relatives cannot be denied financial assistance based on the accident of their birth. This would be unfair discrimination against them. In the same vein, we understand that the same financial institution will have to exercise extra-caution in its dealing with related parties. As the province of KwaZulu-Natal we have utmost faith in the integrity of men and women working for Ithala.

8. Special Purpose Vehicle

Chairperson, rural development remains one of the critical policy priorities of our government. Since 1994 our government has invested R3,9 billion in commercial farming enterprises and in speeding up land reform. However, due to a number of challenges such as lack of integration of government interventions, there has been a decline in the production in commercial farms and in land that has been given back to our people as part of the land restitution process. In a response to these challenges a strategy has been adopted wherein a One-Stop-Shop through a Special Purpose Vehicle (SPV) is to be created in order to co-ordinate government support to land reform beneficiaries. This strategy also notes the critical role of the agribusiness sector, organized agriculture and non-governmental organizations in the provision of a holistic support programme. The collective pooling of funding (approximately R1 billion for 2009/2010) and human resources would result in a comprehensive package to beneficiaries of land reform including equipping the beneficiaries with skills and packaging of projects prior to the delivery of farms. The Department has been mandated with the role of the establishment and management of this SPV.

TOURISM

1. Strategy To Increase Beds And Rental Vehicles

Our province is best known for being a tourism Mecca, particularly for domestic tourists. Despite this billing, we are still found wanting in terms of our ability to provide the necessary number of beds as well as rental vehicles for tourists. A cursory study of our ability to match tourist accommodation and transportation demands, say for the recent Vodacom Durban July, exposed a major shortcoming in this regard. As such, our Department, working together with our partners, will be formulating a strategy to increase beds and rental vehicles so that our province is ready for 2010 and beyond.

2. Strategy To Expand Our Tourism Market

Despite the economic downturn, tourism remains one of the biggest growth sectors in the world. While KwaZulu-Natal has over the years grown its share exponentially of this booming market, we believe that we can still do more. It is for this reason that our Department will this year, embark on an aggressive drive to exploit the full potential of our tourism market. In this regard, we want to intensify our efforts of marketing the province particularly, in parts of the world which are not our traditional markets, such as the Far East. We also believe that given our location and the fact that we are in the same time zone with many European countries, we will ensure that this translates into tangible benefits in terms, of tourism spend. In pursuit of this, we need to segment our tourism markets, in order to ensure that we cater for the lower end, to the middle and upper end of the market. Another key market which will be receiving renewed focus is the African continent which is renowned for visiting our shores. Given the impact of the recession our focus needs to shift on to domestic market and to package products which will attract our domestic visitors. We believe that the 2010 FIFA soccer world cup offers us an opportunity of a life time not only to market the province to an international platform, but to ensure that KwaZulu-Natal becomes a tourist destination of choice through the provision of an experience not to be forgotten.

3. Tourist Buddies

We also aim to introduce the concept of tourism ambassadors (tourist buddies) men and women who work in public areas who will be able to project a welcoming face to all our tourists and provide assistance, including directions, to those visiting our shores. These volunteers will be trained on etiquette, customer service and will utilize their street smarts to ensure that tourists have a pleasant stay while visiting us. These could range from garage attendants, parking attendants up to and including our law enforcement agencies. We believe that this concept will also help us to deal with criminals who tarnish our good reputation by harassing tourists. We will train tourist buddies in major cities over the next year.

4. Attracting Direct Flights To Durban

It is our pleasure to announce that as from the 1st of October 2009, the Emirates will start flying directly from Dubai to Durban on a daily basis. This is a major coup for our province and is critical building stone for attracting even more airlines. We will embark on an aggressive campaign to attract even more leading airlines to fly directly into Durban. We are also exploring getting excessive flights that might not necessarily be used by their airlines, to also ferry tourists into the province as part of the international charter market, in particular for the 2010 FIFA Soccer World Cup next year.

CONCLUSION:

Chairperson, the current economic climate has placed a challenge on all of us to be innovative in the way we do things. With investors all over the world being risk averse and inward looking, this means that as the province we need to change tactics and come up with smart ways to attract investment in order to mitigate the impact of the global recession. We believe that the strategies we have articulated in this budget will not only help us deal with the current global turbulence, but will ensure that there is prosperity post the economic situation.

The current economic turmoil gives us the opportunity to review strategies that have not yielded the required results and to come up with new measures to stimulate the provincial economy, and to maximize the opportunities that are offered by tourism. If there is one lesson that we should all learn from the current economic situation is that we should think out of the box. The resultant shrinkage in the economic resources means that our province cannot afford to do things the normal way as there is increased competition for investment the world over. This is the challenge that we are armed and willing to take on collectively as the department and our public entities.

Chairperson, conditions beyond our control have contrived to bring the best out of us, in spite of the difficult economic conditions we find ourselves in. Indeed, we have been asked to rise and if we are true to our plan our stature will touch the sky.

Having assumed the mantle from my predecessor who is now our Premier, Dr Z.L Mkhize, I wish to say with all humility that our times need leadership par excellence in the field of the economy. We need to inculcate it in our minds that our time needs those who can distinguish the most fundamental moment of our democratic transformation from other moments that we experience on a day-to-day basis. We know that good women and men exist in all of us. Now is the time, not any other time in the future, to call these good men and women to come to the fore and to shine. The theatre of the best festival of ideas is now open. Let us stand together for a good cause, and posterity will record our collective contribution. We will be remembered as those who knew a defining moment of our nation's evolution and the collective wisdom of a nation standing together will forever be remembered by many generations to come.

In conclusion, Chairperson, we wish to thank all those who have contributed to the transformation of our province's economy over the past five years and beyond. Under the stewardship of our present Premier, Dr Mkhize this portfolio has set the tone for the future through the combination of micro and macro economic initiatives.

We also want to thank the Head of Department, Ms Carol Coetzee, her management team and staff that ensured that the Department remains on track in spite of budgetary constraints owing to the economic situation. We also

want to salute the role played by our partner-organizations – the CEOs and employees of the public entities and private business in sustaining our people's hopes for a better future.

Now I wish to move the Budget for Vote Four, which is the Department of Economic Development and Tourism for the year 2009/2010 according to the following programmes:

Programme	Budget Allocation (R'000)
1. Administration ¹	R118,189
2. Integrated Economic Development Services	R558,950
3. Trade and Industry Development ²	R1,740,755
4. Business Regulation and Governance	R52,538
5. Economic Planning	R17,238
Total	R2,487,690

*note: the budget allocation for the new Ministry will be tabled during the adjustment estimate and therefore is not included in the table above.

I now move the budget of R2, 487, 690, 000 for the 2009/2010 financial year. I so move...

I thank you.

Michael Mabuyakhulu, MPP
KZN MEC for Economic Development & Tourism
22/07/2009

Ivoti leSine

Inkulumo mgomo yesabelo zimali sika 2009/2010

Eyethulwa ngu

Michael Mabuyakhulu, MPP

uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho neZokuvakasha KwaZulu-Natal

22nd July 2009

Inkulumo mgomo yesabelo zimali ethulwa ungoqngqoshe wokuThuthukiswa koMnotho neZokuvasha, KwaZulu-Natal, uMichael Mabuyakhulu kusiShayamthetho sesifundazwe mhlaka 22nd July 2009

INGQIKITHI: UKUGUQULWA KWEZINSELELO ZIBE NGAMATHUBA

Somlomo; uMhlonishwa P. Nkonyeni

Iphini likaSomlomo; umhlonishwa , M. Mthimkhulu;

uMhlonishwa, uNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natal; uDr Z.L Mkhize

Amalungu alesishaya mthetho;

Izivakashi eziqavile;

Amalungu abezindaba akhona;

Abangane, manene namanenekazi.

Ngisukuma ukwethula isabelo zimali sevoti lesine soMnyango wokuThuthukiswa koMnotho kanye neZokuvakasha, ngokwesikhundla sami njengongamele lomnyango.

Mgcini sihlalo, sifuna ukuqala ngokubonga uNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natal, uDokotela Zweli Mkhize, ngokuthi asigidlabeze ngalomsebenzi wokuhola lomnyango, umsebenzi wawo okungewona nje ukwenza ngcono ezomnotho zalesifundazwe, kodwa okuyiwona futhi ongumgogodla wokuqhubela phambili impumelelo yalesifundazwe. Akuyona nje inselelo enkulu, kodwa ingemqoka futhi edinga ukufezwa. Kodwa-ke asingabazi nakancane ukuthi ngokusekelwa yiwona wonke umuntu oyilungu lalesishayamthetho, lona ngumsebenzi esingawuthwala ngamandla adingekayo nangesibindi, ngoba siyazi ukuthi ikusasa lesifundazwe sethu lincike ekutheni sizinikela kangakanani njengoMnyango.

Sifuna futhi ukubonga uNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natal, uDokotela uZweli Mkhize ngesisekelo esiqinile asakhe ngaleminyaka emihlanu edlule ngesikhathi engamele lomnyango. Kuyiqiniso elimsulwa Khabazela, isisekelo osakhile senze ukuthi ukungena kwethu kuloMnyango kubelula kakhulu njengoba zonke izitini zokwakha bese zivele zibekwe ngononina.

Sihlalo ohloniphekile, ngesikhathi izizwe zonke zomhlaba zibhekene nengwadla yokucekeleka phansi komnotho, sidinga ukuzibamba ziqine, kanti sikhohwa nawukuthi ayikho inselelelo engenqotshwe. Sidinga abaholi abanombono ojulile. Sidinga nobuhlakani obujulile besizwe, obukwazi ukwehlukana phakathi kwezikhathi ezejwayelekile kanye nalezo ezingajwayelekile. Sidinga izincitha buchopho kanye nezifundiswa ezikwazi ukuguqula into ebingeke isebenze, ukuba isebenze. Sidinga umphakathi wezamabhizinisi okwazi ukubona ngale kwemigoqo yokwanda kokwabiwa kwenzuzo ngesikhathi lapho inhlalakahle yesizwe isengcupheni.

Sidinga izinhlangano zabasebenzi eziqondayo ukuthi ikusasa lamalungu azoo lincike ekukhetheni kanye nokuzinikela ukwenza okufanele namhlanje, hhayi ngelinye ilanga, ukuze kwakheke ikusasa eliqhakazile lamalungu azo, kanjalo nelomphakathi jikelele. Sidinga nezizwe ezaziyo ngezinto ezibaluleke ukwedlula imingcele yazo ngoba kuzosizakala isintu. Ukujula kombono wethu ikhona okumele kusigqugquzele ukuba siye phambili ukuze sibone kude bese ukwenza kwethu sikuqondanisa nezinsalelo zangaleso sikhathi, ngokuthi kugcinwe ukukhula ngokuhlanganyela.

Kulenkulumo mgomo, sicela abantu bakithi ukuthi bahlalele ethembeni kunokuthi libaphelele. Ngesikhathi senza njalo, siyazi futhi ukuthi asisho ukuthi abantu abangazijabulisi, esikhundleni salokho sithi akube nobuhlakani obujulile, obuyivela kancane uma isizwe sibhekene nengwadla yokudideka okukhulu.

Ngaleyondlela sithi kubo bonke esisebenzisana nabo, lapho abanye bengazibona begqolozelene nesomiso, sidinga ukubona amathuba alindele ukuba siwasebenzise. Nalapho abanye bengabona inhlekelele ibehlela, sidinga ukubona inqwaba yamathuba okudinga siwasebenzise ukwakha isizwe esinenqubekela phambili. Ngaleyondlela, okwethu ukuba **“sakhe umnotho ozovula amathuba kuwonkewonke umuntu futhi owenza ezokuvakasha ukuba zisihlomulise sonke”**.

Sihlalo ohloniphekile, okunye okuliqiniso elimqoka lokuba khona kwethu, ukubhekana nalezozinselelo eziza nobunzima, ziphinde zisinikeze izifundo okuyizona ezisikhanyisela indlela ebheke ekusaseni elingcono. Kusukela kube khona lezi zinguqunguquko kubantu, ikhono lethu lokushintsha ukungazethembi kuya ekuzethembeni, kube nomthelela wokuvuselelwa kogqozi kubantu. Lesisimo esikhona esintengayo somnotho kanye nomphumela waso, siyisibonelo esicace bha sesimo esifuna ukuthi thina sikwazi ukuzidalela nokuzivulela izintuba zokuphuma kuso.

Inselelo esibhekene nayo ingikhumbuza amazwi ombhali waseMelika, u Emily Dickinson, lapho ethi khona:

Ngeke sazi ukuthi sibade kangakanani kuze kube ilapho sitshelwa khona ukuthi siphakame; kanti, uma sihamba ngokohlelo singakwazi ukuthinta isibhakabhaka.

Ngamanye amagama, lamazwi acashunwe embhalweni kaDickinson achaza ukuthi abantu, ngokwejwayelekile, bavamise ukubukela phansi amakhono abo kuze kube ilapho benqwamana khona nezimo ezidinga ukuthi babhukule, bakhipe onke amangwevu okubhekana nesimo esithile, okungenza ukuthi uma lesosimo singanakwa, singcine ngokukhinyabeza izimpilo zabo. Lesimo esintengayo somnotho, siyisimo esingakhinyabeza impilo njengoba sazi sonke. Ngokwethemba amakhono nokuzimela kwabantu kulesisifundazwe, asinakho nokuncane ukungabaza singuhulumeni walesifundazwe, ukuthi ukusebenza kwethu ngokubambisana, akuyukuphakama nje kuphela, kodwa kuyothinta isibhakabhaka.

Mgcini sihlalo, kuyaziwa ukuthi eKwaZulu-Natal likhinyabezeke kakhulu ngalesimo somnotho, emva kokulahlekelwa yimisebenzi kwabantu abangu-117 000 ezinyangeni ezintathu zokuqala kulonyaka ka-2009. Ukwenyuka kwesibalo sabantu abangasebenzi eNingizimu Africa, kubhekiwe ngisho ezingeni lezifundazwe, lapho eKwaZulu-Natal lenyuse isibalo salo ngo 1.8% kusuka ku 20.8% ekupheleni konyaka ka-2008 kwaya ku 22.6%

ezinyangeni ezintathu zokuqala konyaka ka-2009. Ukuphela kwemisebenzi okubonakalayo kuye kwaqoshwa emkhakheni wezolimo, owezokukhiqiza, owokuhweba kanye nowokwakha.

Ezinyangeni ezintathu zokuqala konyaka ka-2009, umnotho wesifundazwe saKwaZulu-Natal wehle ngo 6,7%, uma kuqhathaniswa no 6,4% wokwehla komnotho wezwe. Ngaleyondlela, ngokuhambisana nezimo ezikhona eNingizimu Afrika, isifundazwe saKwaZulu-Natal naso sangena enkingeni yokufadabalelwa umnotho ezinyangeni ezintathu zokuqala zika-2009. Okuyiyona mikhakha eyaba nesandla kulesisimo esingesihle somnotho ezinyangeni zokuqala ezintathu zika 2009, kwaba owokukhiqiza kanye nowezimayini, eyehla ngo 23.1% kanye no 49.3% ngokulandelana kwayo ngokulandela izimo ezingezinhle ngaphakathi ezweni. Okuhambisana nalolukhondolo, kube ukwehla ngo 5.9% emkhakheni kagesi, owamanzi kanye nowe gas, ngenkathi ezitolo khona kwehla ngo 2.8%. Okuyiyona mikhakha eyabonakalisa ukukhula kwaba owezokwakha, iminyango kahulumeni neyokusizakala kwabantu. I-CPI kubonakale iba ngcuba ngcono ngoMay 2009, yabuye yehla futhi ngo 8.0%. Amanani okudla kanye nalezo ziphuzo ezingebona utshwala enyuke ngo 12.3% ngoMay 2009. Ibhange lombuso (Reserve Bank) lehlise inzalo yemali mboleko ngo 8.5% ngonyaka.

Umphumela walezibalo esifundazweni, usho ukuthi kufanele kubhekisise ekuvikelweni kwemisebenzi kanye nokuphathwa kahle kwemali kahulumeni. Sidinga ukuqinisekisa ukuthi ngalokho okuncane esinakho, siyakwazi ukulandela imigomo yemali, ngokuthi sehlise izabelo mali zempahla kanye nezidingo ngo 7.5% nonyaka. Kufanele sibhekisise futhi nakuleyo mikhakha etshengisa ukukhula esikhathini eside ngokugcizelela ezobuchwepheshe ukuze sihehe ukuqhudelana komhlaba kanye nezimboni zethu.

Lesi yisimo esibhekene naso njengoba siphethathiswe lomnyango. Nakuba singekuphike ukujula nobukhulu balenkinga esibhekene nayo, nokho sikhuthazwa ukuthi izakhamuzi zalesifundazwe azineki nje izandla emoyeni ngoba sezilahle ithemba lokubhekana nenselelo, esikhundleni salokho ziyidumela bukhoma inselelo ezisuke zibhekene nayo.

Sikhuthazwa nawukuthi abantu bakithi kuwo wonke amazanga, kusukela ezisebenzini kuya ezikhulwini eziphakeme (CEOs), kuya kubanikazi bamabhizinisi akulesifundazwe, okungawemikhakha ehlukeneyo, bonke bezwakalise ukuzimisela ukusebenza ngokubambisana nohulumeni ekutakuleni lesifundazwe kulenkinga yomnotho. Kungenxa yalesizathu esenza ukuthi uMnyango wethu wezokuThuthukiswa koMnotho kanye nezokuVakasha, kuzokuthi ngenyanga ezayo, kusukela mhla ziwu-6 no 7 enyangeni kaNcwaba, ubizele ndawonye bonke ababambe iqhaza emnothweni wesifundazwe engqungqutheleni okuyobhungwa kuwo ngamasu okuxazulula lokho okuchazwa ngokuthi inkinga enkulu yezomnotho esesake sabhekana nayo. Njengesifundazwe esiyinqalabutho, inhloso yethu ukuqinisekisa ukuthi lomhlangano wokubonisana uqhamuka nomkhomba-ndlela ozosiza lesifundazwe

ekubhekaneni nalesiphepho esinamandla sokuntenga komnotho. Lomkhomba-ndlela oyotholakala kulengqungquthela yiwona oyophuma nomhlahlandlela wokuthi yonke imikhakha, amabhizinisi, nabasebenzi, kufanele isebenze ndawonye ukuvikela lemisebenzi ekhona njengamanje, ngesikhathi futhi kusungulwa imisebenzi emisha ngezindlela ezibuyekeziwe zezomnotho. Kuyothi ngokuqhubeka kwesikhathi sinikeze imininingwane ephelele ngalengqungquthela ngendlela esizosebenza ngayo, kanye nomsebenzi osuwenziwe kuze kube imanje ukulungiselela lengqungquthela. Nokho, asinakungabaza ukuthi uma bonke abathintekayo bengabamba iqhaza ngendlela ebonakalayo kulomhlangano, noma ikanjani siyokwazi ukuguqula lezinsalelo esibhekene nazo njengamanje zibe impumelelo esikhathini esizayo.

UKUBUYEKEZWA KUKA 2008/2009 KANYE NEMPUMELELO YETHU

Sihlalo ohloniphekile, ngaphambi kokuveza uhlelo lwethu lwaleminyaka emihlanu ezayo, sibona kubalulekile ukuba siqale ngokubika mayelana nendima esesiyihambile ngonyaka wezimali ka-2008/2009. Nokho, asizukuchitha isikhathi esiningi ngemininingwane njengoba lokho kuyobhungwa ngakho kabanzi embikweni wonyaka woMnyango kanye nezinhlaka zokuthuthukisa umnotho ezingaphansi kwaloMnyango. UMnyango uzoqhubeka nezinye zezinhlelo ezijwayelekile zomnyango ezifana ne-Local Economic Development, Enterprise Development, Sector Development, ukuqinisekisa ukuthi iBroad Based Black Economic Empowerment iyenzeka kanye nokunye okuningi. Ngokufanayo, nalezo zinhlaka zikahulumeni ezisebenza ukwenza ezinye izingxenye zemisebenzi yoMnyango nazo zibambe elikhulu iqhaza kuleminyaka emihlanu edlule kanti sibonga siyanconcoza ngeminikelo yazo.

UKUTHUTHUKISWA KWAMAKHONO

Kulonyaka wezimali odlule kugxilwe kakhulu emkhakheni wokuthuthukiswa kwamakhono afanele emnothweni ukuqinisekisa ukuthi akubona nje abazibandakanya nomnotho osimeme, kodwa ngisho nalabo bomnotho osafufusa nabo bahlonyiswa ngendlela efanele, hhayi ukuthi bakwazi ukuziphilisa kuphela kodwa baqale nabo bancintisane namabhizinisi amakhulu. Kube sekwenziwa ucwaningo lokuhlola lezozindawo ezinokushoda kwamakhono ngesikhathi esifanayo futhi ezingaba nobungozi kwezomnotho. Kulolucwaningo kube sekuhlaluka ukuthi bancane kakhulu abantu abanekhono kuMaths kanye ne Sayensi. Ngakuloluhlangathi, sabe sesethula isikhungo iMoses Kotane esixhaswe ngemali yokuqala engu R34 million. Lesikhungo siqanjwe ngesishosho se-ANC emzabalazweni, esasishabashekela ukuba amasosha ombutho afundiswe futhi aqeqeshwe emakhonweni. Lesisikhungo iMoses Kotane sizokwamukela abafundi abazocijiswa emikhakheni ehlukeni efana ne sayensi, ubuchwepheshe, ezobunjiniyela kanye ne-mathematics, ubuchwepheshe kwezolwazi (information technology) kanye ne-software design okuyizifundo ezidingekayo ekufukuleni umnotho. Siphinde sandisa nobudlelwane bethu enqubeni yokukhuthaza amakhono kanye namabhizinisi ngokuhlanganisa nezinhlangano ezaziwa emhlabeni emkhakheni wolwazi nokuxhumana (ICT). Phakathi kwazo singabala iNational Institute for Information Technology

(NIIT) kanye ne-Confederation of Indian Industry, zombili ezizinze kwelaseNdiya. Zizibandakanye ekuqeqesheni izitshudeni zaKwaZulu-Natal ezingu-10 000, kanti lolu uhlelo lweminyaka emihlanu oluhlanganisa izinhlelo zokuthwasa khona kwelaseNdiya ukuze izitshudeni zithole ulwazi lwezimboni. Ngonyaka ka2012 kuyokube sekuthathwe izitshudeni ezilinganiselwa ku-17 000, okungenani ezingu-800 zazo zibe zigogode kusayensi nakwezobunjiniyela.

UKUTHUTHUKISWA KWEBHIZINISI - UKUGUQULWA KWESU

Emizamweni yokusiza imifelandawonye (co-operatives) ekukhuliseni amabhizinisi ayo, kwabe sekubhekwa ekuthuthukisweni kwamakhono, kanjalo nokuqondiswa nokuqhathaniswa kokuthuthukiswa kwemifelandawonye leyo enamathuba ebhizinisi athe xaxa kunamanye. Lokhu kusho ukuhlelwa kwemifelandawonye, okuhlanganisa namanye amabhizinisi asafufusa ngokwemikhakha ethile kuye ngokudingeka komkhiqizo wawo kanye nokusebenza kwawo. Ngenxa yalokhu kunemifelandawonye ethile esunguliwe neminye esisaqhubeka nokuyisungula. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi kukhona abangenelayo ekubhekeleni izidingo zamalungu emifelandawonye. Sesiqalile nokubaxhumanisa nalabo abangase babe ngabathengi okuyizinkampani ezinkulu esinxenxa ukuba zithenge impahla, zithathe nemisebenzi eyenziwa yilemifelandawonye njengengxenywe yokuyithuthukisa. Sigxile kwezolimo, izingubo kanye neNdwangu, nobuciko kanye nomsebenzi wezandla. Ukusungulwa kwekholishi lesifundazwe lemifelandawonye (cooperatives) kanye nebhange kuzokuba ngezinye zezinto zokuqala zalomqondo wezomnotho ngenkathi kuhlangukiswa nezinhloso zethu kanye nezifundo ezithathwe ezizweni ezilandela loluhlelo, ukukhulisa umnotho wazo ukuze kuliwe nobubha kudalwe namathuba omsebenzi. Ukwenza kwethu kuzohlangukiswa nezincwadi ezathathwa ngesikhathi sengqungquthela yokuqala yamifelandawonye yamazwe omhlaba ebingo Nhlolanja walonyaka kuso lesifundazwe. Ngenyanga kaNtulikazi sibuye sabona nokugujwa kukazwelonke kwe-International Co-operatives Day nakho okwenziwa kuso lesifundazwe, okuwuphawu lokuthi lesifundazwe sithatha ibhizinisi lemifelandawonye njengento ephilayo.

Izikhungo zokuhweba

Ngonyaka odlule kwasungulwa isikhwama esisha sokuvuselelwa komnotho wasemakhaya kanye nasemalokishini ngokuthi kukhuthazwe izikhungo zokuhweba lapho osomabhizinisi abasafufusa bezokwazi ukuqala khona amabhizinisi abo, anikeza ngezinhlobonhlobo zemikhiqizo kanye nemisebenzi ezindaweni ezisemalokishini. Lesikhwama sabekelwa ukwenza ucwaningo kanye nokwakha lapho omasipala basebelungise izindawo zamabhizinisi khona. Kwabekwa eceleni isamba sika R150 million seMTEF. Njengoba kwakunezinhlelo ezintsha, kwadingeka kube khona umsebenzi wokuzilungiselela obonakalayo ukuqinisekisa ukuthi lemisebenzi ihlelwa ngendlela efanele nanokuthi kuthintwa bonke omasipala. Ngokwengqala sizinda enkulu, kulindeleke kwakhiwe izikhungo ezine zokuhweba kumasipala wasOkhahlamba, eMnambithi kanye nowaseMlalazi ngenkathi esase Newcastle sona sizokwandiswa ukuze sikwazi ukumelana nokwanda kwesibalo sabantu abafuna ukusisebenzisa.

UHLELO OLUBANZI LWAMAQHINGA OKUBONELELA ABAMNYAMA KWEZOMNOTHO

Sihlalo ohloniphekile, simemezele ukuqokwa kwehhovisi elizosingatha izindaba zeBBBEE kulesifundazwe. Ngeshwa lokhu kwakhinyabezwa yizinsalelo, ezinye zazo esasingazilindelanga. Njengoba-ke singekho isifundazwe esinesikhulu esinjalo, kwakungekho zibonelo noma izifundo esasizokopela kuzona. Kwatholakala ukuthi ngaphandle komthetho ozosekela lokhu, iqhaza elalizobanjwa yilesisikhulu lalizophelela ekubeni umphenyi nje kuphela ngaphandle kwegunya elitheni. Nokho ke kwabe sekuvunyelwana ngokuthi uhlangothi lwezomthetho lona lungadluliselwa eminyangweni efanele bese kuya ngomphumela wodaba lolo, ngaleyondlela kwavunyelwana ngokuthi kuzosungulwa ihhovisi ngesikhathi esifanayo kusungulwe nomthetho ozohambisana nalokhu. Kumanje kuboniswa nehovisi likaNdunankulu ngokuhambisana nesimemezelo sikaNdunankulu sokuqokwa kwesikhulu esizobhekana nezikhalo zomphakathi ukuqinisekisa ukuhambisana njengoba kubonakala ukuthi lesisikhundla kufanele sibe ngaphakathi kwehhovisi likaNdunankulu. Ngokulandela-ke lokhu, sekwemukelwe amagama aphakanyisiwe alabo abazokuba sebhodini lokweluleka kuBBBEE, kanti azokwethulwa kukhabhinethi ukuze kuboniswane ngawo bese kuthi emva kwalokho kukhethwe labo abafanele ngaphansi kweso likaMhlonishwa uNdunankulu.

Sithanda ukugcizelela futhi ukuthi uhulumeni wethu akayukushiya lutho ngaphandle ekudaluleni labo abenza izenzo zokumela abanye (fronting) bebe besebenzisa ibhaxa leBBBEE. Akukhona nje kuphela ukuthi lokhu kukhohlisa akwemukeleki, kepha kuphenda inhlekisa kuwo wonke umqondo wokuthuthukisa osomabhezini. Indlela yethu yokuhlola izoqiniswa kakhulu ukuqinisekisa ukuthi akuputshuki lutho kuloluhlelo, nanokuthi kuyasheshiswa ukuthuthukiswa kwentsha, okwabesifazane, okwalabo bantu abaphila nokukhubazeka kanye nokwemiphakathi yasemakhaya.. Kodwa ke ukuze lokhu kube impumelelo, abezimboni ezizimele kanye nalabo esibambisene nabo emphakathini kumele basebenzisane nohulumeni. Sizokwenza konke okusemandleni ukuvuselela nokwenza ukuthi zisebenze izinhlelo ezasungulwa kanye nezivumelwano ezenziwa nesibambisene nabo emphakathini ekutheni asebenze onke amasu okuthi kuphumelele ukufukulwa kwabamnyama kwezomnotho. Sinenjabulo futhi yokubika ukuthi sekuphasiswe izikhungo zokucubungulisa (Verification Agencies) amaBBBEE ezintathu nguhulumeni kazwelonke, kanti lokho kuzokuba nomthelela obonakalayo ekuphoqweni kokubambisana kanye nokuhlola ukusebenza kwesifundazwe ekuqaleni ukwethula lezinhlalo zokuthuthukiswa. Sesihlele nokuhlolwa kwayo yonke iminyango kahulumeni kanye nalokho okungaphansi kwethu ngokuba sibe nalapho sibhala khona amaphuzu (scorecard) lokhu kuzokuba isisekelo sokubhekela yonke inqubekela phambili esikhathini esizayo. Ngokulandela lokhu kuhlola, sizolindela ukuthi wonke umnyango usinikeze uhlelo oluphelele lokubhekana nazo zonke izikhubazo ukuze sikwazi ukuhlangabezana nazo zonke izinhloso zethu esizibekele zona.

UKUTHUTHUKISWA KWEZOHWEBO KANYE NEZIMBONI:

NjengoMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho kanye nokuVakasha, sizibekele ukuthi singakhulisi nje kuphela umnotho walesifundazwe, kodwa sikwazi futhi ukuqhudelana nomhlaba-jikelele. Izingubo kanye nendwangu, ubuciko nomsebenzi wezandla, ulwazi kanye nobuchwepheshe bezokuxhumana, ibhizinisi yezolimo, ezokubaza kanjalo namabhizinisi atholakala ngezinkontileka zangaphandle, kungezinye zezimboni uMnyango owawuzibeke eqhulwini kuleminyaka emihlanu edlule.

...Izingubo kanye nendwangu:

Lomkhakha ushayeke kakhulu ngenxa yohwebo olukhululekile, osekudale ukuthi kugcwale imikhiqizo yezinga eliphansi. Ngenxa yalokho, kuleminyaka embalwa edlule sekulahleke inqwaba yemisebenzi. Lesimo esintengayo somnotho naso sesenze isimo sasibi kakhulu. Kodwa-ke uhulumeni ukholwa ukuthi usenokuwuhlenga lomkhakha onomsebenzi omningi. Umnyango usuqhamuke nesu eliphelele lokuvuselelwa kwalomkhakha wezingubo nendwangu esifundazweni. Lelisu lihlanganisa phakathi kokunye, ukungena ezimakethe, ukuthuthukiswa kwamakhono, ukusungulwa kwesikhungo okuyisona esizophakela umkhakha walabo abathintekayo kanye nokuthuthukiswa kwesikhwama esizosiza abamabhizinisi amancane (SMMEs) ekuthengeni indwangu engakalungiswa kanye nemishini. Sekwabiwe isamba sika R30 million ukuze kuqalwe nonyaka nalelisu lokuvuselelwa kwemboni yezingubo kanye nendwangu. Lesabelo zimali sizobhekela imisebenzi embalwa yokuvuselela lemboni ngokuthi kuqhutshwe lelisu lokuvuselela elizosekelwa yisamba sika R40 million kuleminyaka emibili ezayo.

...Ezobuciko nemisebenzi yezandla:

Sihlalo ohloniphekile, iKwaZulu-Natal iyaziwa ukuthi igcwele abantu abanekhono kwezobuciko, okuyinto ehlaluka obala ngokwehlukana kwamasiko namagugu ethu- lokhu kugqama ngemisebenzi yezandla kanye nezinhlobo zomculo okwenziwa ngabantu bakithi. Nokho kuyinkolelo yethu ukuthi abantu bakithi nabo kumele bahlomule ngalamakhono abo ngokuthi bathengise imikhiqizo yabo evamise ukuthathwa “abahlakaniphile” bese beyoyithengisa ngamanani aphezulu. Okuyisenzo lesi esikhinyabeza abanikazi bomsebenzi ukuba bahlomule nabo ngobuchule babo.

Kuleminyaka eyedlule, loMnyango ubambisene noMnyango wezoHwebo neziMboni ubusebenza ekutheni imikhiqizo yemisebenzi yezandla ibe semthethweni njengebhizinisi lasekhaya kanye nokuthunyelwa emazweni angaphandle. Lokhu kwaholela ekutheni kube nesivumelwano sokusungulwa kwenhlanganisela yesizinda somsebenzi wezandla esifundazweni esizosiza abenzi bawo abalinganiselwa ku-500 khona bezokwazi ukukhangisa ngomkhiqizo wabo kubantu abehlukene bakwazi ukuzitholela okuya ngasethunjini kunokuthi bathengisele ubala eduze kwemigwaqo. Lomqondo wendawo eyodwa, umkhiqizo owodwa uzophinde uqinise

ubunjalo nokuthengiseka kwalemisebenzi yezandla, njengoba lemikhiqizo izokwazi ukubonakala ngokwezindawo zayo bese kuthi nalabo abangabathengi bafinyelele kalula kubathengisi.

...Izimboni zomculo

Sihlalo ohloniphekile, elakwaZulu Natal laziwa emhlabeni jikelele ngokuba yisizinda sethalente elingajwayelekile. Ngeshwa ukungabibikho kwezinsiza kanye nendawo yokukhiqiza kanye nokukhangisa imikhiqizo yethu yezomculo, sekuholele ekutheni iningi labaculi bethu bafudukele eGauteng ukuyofuna khona amadlelo aluhlaza. Lokhu kukhinyabeza eKwaZulu-Natal ekutheni lihehe amehlo omhlaba kanye nezithelo ezihambisana nalokho. Emizamweni yokuguqula konke lokhu, phakathi kokunye sesifake imali enguR24 million ekutheni kwakhiwe istudio somculo kuleyondawo eyayaziwa nge Documentation Centre e-Thekwini.

...Ibhizinisi yezolimo:

Njengoba ukwakhiwa kwe Dube Trade Port sekuya ngasemaphethelweni, lendawo izosisiza kakhulu lesifundazwe ngisho seyidlulile imidlalo yendebe yomhlaba ka-2010 njengoba kuyothuthwa kuyona abalandeli bebhola, kodwa iyoghubeka nokuheha izivakashi zalesifundazwe nalezo ezisuka emhlabeni-jikelele. Izokuba indawo ethembekile yezithelo nemifino emisha engathunyelwa emazweni angaphandle, kanti uMnyango njengamanje uklelisa ngononina abakhiqizi baleyomikhiqizo eshesha ukubola ukuba bakhiqize futhi bapakishe imikhiqizo yabo ezothunyelwa ezimakethe zamazwe angaphandle.

Omunye wemisebenzi yaloMnyango odonse amehlo nyakenye kwaba iBEE Foundation, owahlangabezana nezinsalelo eziningana. Siyathokoza ukumemezela ukuthi nakuba sizimisele ukubhekana nezomthetho ezithatha isikhathi eside ekutheni kubuye imali yomphakathi eyasetshenziswa budedengu, nokho iyabonakala indima esesiyikhathulile. Kumanje sekuqaliwe ukwethulwa komsebenzi wokuhlola weTembe Honey. Kuzokwakhiwa kwaTembe indawo ehlome ngakho konke okungeyomfelandawonye kanti izokwenza iphinde ithengise uju lohlobo oluphambili. Isivuno sokuqala silindeleke ngo-November, uma isimo sezulu sisivumela. Lendawo izonikezwa abafuyi bezinyosi abangu-200 ngo 2010/2011 babe ngu-300 ngo 2011/2012. Inhlosonqangi ukuba kube nokukhiqizwa koju kwaTembe, eMkhanyakude nakuso sonke isifundazwe saKwaZulu- Natal. Sizophinde sibasize ngokubatholela yonke imishini yokusebenza, ukwenza uhlobo lomkhiqizo kanye nokuwuthengisa.

EZOKUVAKASHA

Ezokuvakasha sezizakhele igama lokuba imboni edlondlobala kakhulu kulelizwe kanti futhi zikwazi nokuvula amathuba athe xaxa omsebenzi, ngaleyo ndlela zandisa nesibalo sabantu abangaqashwa. Ngonyaka ka-2008/2009, kucatshangelwa ekutheni lesifundazwe sihlomule ngo- R18.3 billion imali efakwe ngqo ilomkhakha

kwezomnotho kwathi imali engaphezu kuka-R26 billion yangena ngendlela encikene nalomkhakha. Okungenani kwadaleka amathuba omsebenzi aqondile angu-83 000 kwathi angu-167 400 kwaba avela emikhakheni encikene nawo lomkhakha wezokuvakasha kuwona lonyaka okukhulunywa ngawo.

Izinguquko kwezokuvakasha

Uhulumeni kanye nalemboni sebevele bavumelene ngokuthi kunesidingo sezinguquko ngokuthi kuthuthukiswe iBEE Charter kanye ne scorecard kanjalo nama Codes of Good Practice. Nokho, indlela yalezinguquko kulemboni kubonakala ihamba ngonyawo lonwabu, ingakho kunesidingo sokuqhamuka nokungenelela okufanele okuhlenganisa phakathi kokunye:

- Ukuphuculwa kobudlelwano phakathi kukahulumeni kanye nabezimboni ezizimele osekuvele kwenziwe ngokuthi kuthuthukiswe iCharter kanye neBEE Scorecard kanti inselelo enkulu kumanje ukuthi kuqalwe uwethulwa. Lesifundazwe sesiqale inkundla ebizwa iTourism Business Forum ezohlenganisa uhulumeni nabezimboni ezizimele, kanti izodlala enkulu indima ekuqhubezeleni phambili izinguquko kulemboni.
- Ukuxhaswa kwe BEE kanye nezinguquko ezingeni lebhizinisi.
- Ukukhuthazwa kobunikazi babamnyama/ukutshalwa kwezimali kulezozindawo zembali ezikhulayo ezihlangene nezinguquko zobunikazi obuyikho njengamanje kuyo yonke imboni, ikakhulakazi kulezozindawo zobunikazi kanye nezokuphatha.

UKUPHATHWA KANYE NOKUNGANYELWA KWEZAMABHIZINISI:

Isimo esikhona njengamanje kwezezimali singaba nomthelela wokwenyuka kwemikhonyovu kwezamabhizinisi, njengoba abahwebi kanye nabathengi kubashaya ephaketheni. Nakuba umsebenzi esigadlabezwe wona kuwukunikeza izeluleko zomthetho kanye nokungenelela uma kunesidingo ngokuvikela kanye nokufundisa abathengi kanjalo nokwengamela imboni yotshwala, kodwa silindeleke nanokuthi siqiniseke ukuba siphathe kahle okuyisona sigxivizo sokuheha ukufakwa kwezimali esifundazweni.

...Ukuphathwa kwembali yotshwala:

Ngalonyaka esiwubukezayo, abe Provincial Liquor Board bebebhekene nezinto eziningi ezisukela ekwahlulelweni kwezicelo zokuthengisa kuya ekuhlelweni kwezikhathi zokubambisana kanye nemikhankaso yabezindaba ukuze kufundiswe amalungu omphakathi ngenqubo ephathelene nokukhishwa kwamalaysense otshwala kanye nengozi yokusebenzisa budedengu utshwala. Nakuba kube nezinselelo ezithile, kucutshungulwe izicelo ezingu 4198, ibhodi yakwazi ukwahlulela amalaysense angaphezulu kuka-3487, kwazobanjwa imikhankaso yokufundisa engu-16.

...Ukuvikelwa kwabathengi

Siyazi ukuthi kuyenzeka abathengi bezithole bexhashazwa, ikakhulukazi kulezikhathi ezinzima kwezomnotho. Ngaleyondlela sizamile ukuqaphelisa kakhulu abathengi nanokuthi bazi ngamalungelo abo kanye nezibopho. Kodwa-ke sikholwa nawukuthi akubona bonke osomabhizinisi abasebenza ngezindlela ezingekho emthethweni. Ubudlelwane esibakhe eminyakeni embalwa edlule nosomabhizinisi ukuba sivimbele ngokuhlanganyela izenzo ezingamukeleki kubathengi, ngokusayindwa kwesibopho nabamabhizinisi (Business Pledge), namanje busaqine kakhulu.

Ngemikhankaso yethu yokuqwashisa, sakwazi ukufinyelela ezakhamizini ezingaphezulu kuka-1.65 million ngokusebenzisa izindlela ezehlukene zokuxhumana ezihlanganisa izithangami zokubonisana kanye nabezindaba. Sathola izikhalo zabathengi ezingu-7437 saziphenya ngendlela efanele, kanti njengoba nonyaka sihlose nokusungula inkundla yokuxhumana nabathengi esifundazweni, singakwazi ukwenza ngcono ukuvikelwa kwabathengi, ngaleyondlela siliqinisele ithemba labatshali zimali kulesifundazwe.

...Ukuphathwa kwezinkampani

Ngokuhambisana nenkambiso yokusebenza kwamabhizinisi okwamukelekile, isifundazwe kumanje sizibeka njengomthombo othembekile wokungamela ukungaphathwa kahle kwamabhizinisi. Nakuba kusesesigabeni sokuqala salomsebenzi, kodwa kukhona osekuqaliwe naboMasipala weTheku ukuthi welekelele ekuletheni ukusimama kanye nendlela ezokwamukeleka kwezamabhizinisi, njengokuhweba ungabhalisiwe, uma senza isibonelo. Kuthathwe izinyathelo zokuxoxisana ezimbalwa kanti lokhu kuhlenganisa nokuba nemihlangano esidlangalaleni ukuxoxisana nabahweba bengabhalisiwe mayelana nezinhlelo zikahulumeni zokubathuthukisa ngesikhathi befundiswa nangobumqoka bemthetho elawula ezohwebo emadolobheni amancane nasemadolobheni amakhulu.

Kulamaviki embalwa edlule, ithimba le Cabinet Task Team kuye kwadingeka lingenele ekuxazululeni inkinga phakathi koMkhandlu weTheku kanye nabahwebi be Early Morning Market okuthiwa lenkinga ibangelwe udaba lokuthuthukiswa kwe Warwick Precinct. Ukubambisana kwethu ekutholeni isixazululo, kwesekelwe inkolelo yokuthi kumele kuvikelwe izifiso zabahweba bengabhalisiwe ngesikhathi futhi kuqhakanjiswa izinhloso ngqangi zikahulumeni zesikhathi eside zokuletha intuthuko ephathekayo emnothweni wabantu. Asinakungabaza ukuthi kunendawo eyenele yokuba omabili lamaqembu agcine evumelene, bese kuthi ngokubambisana agcine ethole isixazululo salempicabadala. Ukuqinisekisa ukuthi labo abasemkhakheni wokuhweba bengabhalisiwe, bakhushulelwa esikhundleni esingcono sezebhizinisi, sizibophezele ukuthuthukisa umgomo obonakalayo we

Provincial Informal Trade Policy njengengxenye yesu lethu elibanzi lokukhuthaza ukuphatha okukahle kanye nokuqhutshwa kwamabhizinisi emnothweni.

...UKUHLELWA KOMNOTHO

Nakuba umnyango kufanele usebenze njengesikhungo sokugcinwa kweminingwane yezomnotho, awukakwazi ukwenza lomsebenzi ngokuphelele. Nokho ukwenyuka kwesibalo solwazi lwansuku zonke mayelana nezindaba ezithinta umnotho kuyasiphoqa ukuba siqoqe, sihlaziye, sibuyekeze, sibeke ndawonye futhi sisabalalise iminingwane yomnotho engasiza labo abangase babe ngabatshali zimali ukuba bathathe izinqumo zezinhlelo zesikhathi eside ekutheni bayahla kulesifundazwe kuthi labo asebevele besebenza bahlale ukuthi ukuzibandakanya kwabo esifundazweni kungasho ukudlondlobala na.

Sekuqokwe ithimba losomnotho kanye nabakhi bemigomo yezomnotho kanjalo nabahlaziyi abazokwenza lomsebenzi. Ngaleyondlela sekushicilelwa umbiko wezinyanga ezintathu ngokusebenza kwesifundazwe, obizwa, EZOMNOTHO, onikezwa bonke labo ababambe iqhaza emnothweni wesifundazwe.

...IZIKHUNGO ZOMPHAKATHI ZOMNOTHO:

Kunengxenye ebonakalayo yesabelo zimali soMnyango edluliselwa kuma Entities ayisithupha awo umnyango ngaleyondlela impumelelo yawo kubalulekile ukuthi kubikwe ngayo. Lama Public entities angamathuluzi okuhloswe ngawo ukusiza kokusheshiswa kokwethulwa kwezinhlelo ezibonakalayo zoMnyango. Njengoba sonke sazi, ayahlukahlukana ngokwemisebenzi yawo, kodwa onke asebenzela inhloso eyodwa ehambisana negunya loMnyango lokusheshisa ukukhuliswa komnotho esifundazweni, ukuqinisekisa ukwenziwa ngcono komnotho wabantu okubonakalayo. Kuleminyaka emihlanu eyedlule lezinhlelo zifake isandla esibonakalayo ekuthuthukisweni komnotho wesifundazwe, nakuba beziningi izinselelo ezithinta ikakhulukazi lokhu kungabaza okukhona njengamanje ngezomnotho, kanti sinethemba lokuthi zizoqhubeka nomsebenzi wazo omuhle.

ISIKHUNGO SEZOKUTSHALWA KWEZIMALI NEZOHWEBO SAKWAZULU-NATALI

Ngesikhathi sisungula I Trade and Investment KZN ngo 2001, sasikhuthazwa umbono wokuguqula lesifundazwe sibe indawo eheha kakhulu ukufakwa kwezimali emhlabeni jikelele. Kuleminyaka emihlanu edlule iTIKZN yenze kwabalula ukuhlanganisa labo abangase babe abatshali zimali kanye nesifundazwe kanjalo yaveza nabahwebi bethu ezimakethe zomhlaba. Sihlalo ohloniphekile, kuyintokozo ukumemezela ukuthi iTIKZN isihehe abatshali zimali abanesamba sika R981 million kwavuleka namathuba omsebenzi angu 835.

ISIKHUNGO SEZOKUVAKASHA

Isifundazwe sethu siyaqhubeka nokuzishaya emakhanda ezinye izifundazwe uma kuza ngakwezokuvakasha. Uphiko iKwaZulu Natal Tourism selube nesibalo esihle sempumelelo ekuqinisekiseni ukuthi lomkhakha womnotho wethu ukhula ngamakhulu amandla. Ukuvakasha ezindaweni zasemakhaya, enye yezinto esigxile kuzona ngoba indlela leyo esitshengisa ngayo uhlelo lukahulumeni wethu lwezinguquko. Kungenxa yokufuna ukufeza lenhloso ukuthi iTKZN igxile ekusizeni imiphakathi yasemakhaya ekutheni iqhubeke nokugcina leyo mikhiqizo evele isinayo noma ingene emkhakheni wezokuvakasha. Ngokuhambisana nalenhloso, sesenze kwabalula ukuphuthulwa kweBhambatha Lodge ngoMay 2009 eNgome, maphakathi nesifundazwe. Kumanje simatasatasa sifuna ukuphuthula uhlelo lokusebenza kanye nokuphathwa kwalendawo (lodge) ukuze siqinisekise igcineke kahle nasesikhathini esizayo. Futhi kumanje singasekuphuthulweni kwezingxoxo nemiphakathi yabezimboni ezizimele ngoba sifuna kuqale ukusebenza kwezigaba ezimbili zalendawo. Okuyisbonelo kanye nesikufunda lapha kuyosetshenziswa nakweminye imisebenzi yomphakathi yezokuvakasha esiyoyithola ngalenqubo yokubuyiswa komhlaba okwenzeka esifundazweni. Lokhu kuyokwenziwa nokusebenzisana noMnyango weZindaba zeMihlaba kanye ne KZN Ezemvelo Wildlife kanye nabanye abathintekayo abanngathathwa ngokuthi nabo bamqoka kuloludaba.

Siyayihlukanisa kakhulu nemikhiqizo yethu yezokuvakasha ukuze sihlangebazane nezidingo ezikhula nsuku zamakhasimende ethu futhi aphinde agqanyiswe ilabo esincintisana nabo. Ngaleyondlela sabe sesibona siqale ezokuvakasha ngokuntweza olwandle njengento emqoka kwezokuvakasha kulesifundazwe. Ingakho kwasungulwa uhlelo lokuntweza olwandle kwazothi iTKZN yaba ilungu le Cruise Indian Ocean Association, ehlanganisa ne Kenya, Tanzania, Sudan namanye amazwe. iTKZN iskhethwe njengehovisi likahulumeni lokuphatha le Association. iCruise Indian Ocean Association yethulwa ngokusemthethweni lana eNingizimu Africa ngesikhathi se Indaba ngo May 2009. ITKZN njengamanje iqhuba uhlelo lokwandisa ezokuvakasha ngolwandle ngaphakathi kwalamazwe angamalungu ngokuthikudwetshwe izinhlelo zokuntweza kulwandlekazi laseNdiya kanye nokuhlelwa kwezinye izindawo okungantwezelwa kuzo emhlabeni.

Ngonyaka ka 2006, iTKZN ihlangene nebambisene nabo okunguMkhandlu weTheku kanye ne Inkosi Albert Luthuli ICC Complex banikezwa igunya lokusingatha iTourism Indaba eThekwini, KwaZulu Natal isikhathi esiphakathi kuka 2007 kuya ku 2009 ngabe South African Tourism, okungabanikazi balomcimbi. Abe-South African Tourism sebetshela amaqembu athintekayo ukuthi lesisikhathi sesinwetshiwe saze sahlanganisa ne Tourism Indaba 2010. Leli ithuba elikahle lesifundazwe lokuqhakambisa esinakho kwezokuvakasha sekusele amasonto ambalwa ngaphambi kokuqala komcimbi omkhulukazi wendebe yebhola lomhlaba i 2010 FIFA Soccer World Cup.

Uma sibheka ngaku 2010 FIFA Soccer World Cup, iTKZN isu lezokuvakasha lesifundazwe mayelana nalomcimbi. Ngonyaka odlule wezimali, sasebenza nabe MATCH ukwenza kube lula ukutholakala kwezinkontileka zendawo

yokuhlala, saphinde saba nama workshops ambalwa kuso isifundazwe. Nokho, kulesigaba, udaba lwendawo yokuhlala alukaxazululeki njengoba abe MATCH bengakakhiphi izinkontileka ezanele ukufinyelela esibalweni samakamelo angu 50 000. Umnyango wezokuVakasha kuzwelonke kumanje usaluhlolisisa loludaba kanye nabo bonke abathintekayo ngokuthi bathole isixazululo ngalenganankana.

IKWAZULU-NATAL SHARKS BOARD

IKwaZulu-Natal Sharks Board iyaqhubeka nokudlala indima ebonakalayo ekuqinisekiseni ukuthi isifundazwe siyaqhubeka nokuba indawo eheha izivakashi kanjalo nokuba indawo enemidlalo yasemanzini ngesikhathi futhi befeza isibopho sokuvula izindawo zethu ezinhle ezinezitshalo kanye nezilwane ezehlukene kubo bonke abantu besifundazwe sethu. Zilinganiselwa kumaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa (87%) izivakashi zethu ezisebenzisa amabhishi ethu ngesikhathi zihleli kulesifundazwe sethu. Ngo 2008, ukubhukuda kwavuleka isikhathi sonyaka esingamaphesentini angamashumi ayisishiyagalolunye nesikhombisa (97%) kwazokuthi kulonyaka wezimali esiphezu kwawo, IKZNB yavakashelwa ngabantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu nesikhombisa (37 000) ngesikhathi uhlelo lwabo lokuqwashisa umphakathi luthinte abantu abangekho ngaphansi kwezinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa nantathu (73 000). Okumqoka, kwashaywa umthetho iKwaZulu-Natal Sharks Board Act (Act No. 5 of 2008) ukuqinisekisa ukuthi loluhlaka luyahambisana nokukhula kanye nemigudu yezinguquko zesikhathi esiphila kuso. Okunye okuqaphelekayo, ukuthi ngonyaka odlule kuqopheke umlando ngesikhathi iBhodi iqoka isikhulu sayo esiphezulu (CEO) sokuqala esimnyama, uMnu Mthokozisi Radebe.

ITHALA

Njengoba lelibhange selibenezinguquko eziningi kusukela kwaba nombuso wentando yabantu ngo 1994, Ithala Development Finance Corporation liyaqhubeka nokuba inqola emqoka yokwenza simo senhlalohle nomnotho kube ngcono kulesifundazwe. Lenhlangano igunyazwe ukuhola phambili ngobuhlakani futhi inikeze ukwesekela kokuthuthukiswa kwezamabhizinisi kuleyo miphakathi ehluphekayo engakwazi ukuthola izimali kalula. Kuyinto eyaziwayo ukuthi amanye amabhange akuthola kunzima ukunikezela abantu bakithi imali yokuvula amabhizinisi ngoba abanazo izibambiso. Yingakho kubalulekile ukubakhona kweThala. Kunezinto ezimbalwa ezenze ukuthi Ithala lenze inzuzo encane kanye ne balance sheet engahlabahlosile ngenxa yezimali ezingenayo neziphumayo-okucishe kwalifaka engozini yokuhluleka ukugcina isilulu sayo semali ukuze likwazi ukuqhubeka nokwenza imisebenzi yalo ngaphandle kokuthembela ekusizweni uhulumeni ngemali. Nokho sekuqalwe uhlelo lokwakha kabusha ukusebenza kwebhizinisi lalesikhungo. Kudingeke kwenziwe imizamo yokusimamisa ubuholi ngokuthi kuqokwe lowo obeyiNhloko yoMnyango wezokugcinwa kwaMafa, uMnu Siphoshabalala ukuba abambe okwesikhashana njengesikhulu esiphezulu (CEO) kulandela ukunikezwa omunye umsebenzi kukaMnu Ike Nxedlana.

Nokho uMnu Shabalala usenikezwe inkontileka yesikhathi eside, yeminyaka emibili ukuba aqedele umsebenzi abesewuqalile wokuvuselela lenhlangano. Sesihlanganile nebhodi yeThala sayicacisela ukuthi silindeleni kuThala kuleminyaka emibili ezayo- okumqoka okuzokuba ukwenziwa ngcono kwesimo salo sezimali kanye nokusebenza okukahle. Lezinhloso zifakwe ngisho esivumelwaneni sokusebenza kwesikhulu esiphezulu (CEO) kanti kulindeleke ukuthi iBhodi inikize umbiko njalo emva kwezinyanga ezintathu ngenqubekela phambili eyenziwayo. Lelisu esilethula lapha namhlanje linikeza isithombe esisobala ngezinto eziphathekayo okumele zifezeke.

...RICHARDS BAY INDUSTRIAL DEVELOPMENT ZONE:

Mayelana ne Richards Bay Industrial Development Zone nayo exhumana ngandlela thile ne lthala, sekuqokwe ibhodi entsha kanti kusazongezwa nesibalo kulelithimba elikhona. Ukubuyekezwa kwendlela lesisikhungo esisebenza ngayo sekuphuthuliwe, kwaphinde kwemukelwa uMnyango weZimboni nokuHweba.

ISIKHWAMA SOKUKHULISA UMNOTHO KWAZULU-NATALI

Ukukhula komnotho wesifundazwe ngesivini sekuphinde kwabeka isifundazwe kwelinye izinga lokuthi sibe ngezinye zezifundazwe ezihlonishwayo futhi nezihamba phambili ekuheheni abatshalizimali. Lokhu sekunikeze ithemba kosomabhezini abasafufusa ukuba basebenze ngokuzikhandla ukuze amabhezini abo athuthuke afinyelele kwelinye izinga futhi bagxile kweminye imigudu yezamabhezini.

Uhulumeni wesifundazwe usukuhlelele lokhu ngokuthi kwakhiwe isikhwama esiyisisekelo iKwaZulu-Natal Growth Fund esizosebenza njengomthombo owethembekile wokunikezela uxhaso lwemali kulabo abafuna ukuvula amabhezini amakhulu angadinga imali engaphezu kwezigidi ezingamashumi amathathu (R30 million). Lesisikhwama sesiqalile ukuheha abaxhasi. Ngasekupheleni konyaka odlule siphothule izivumelwano zokusebenzisana nabe Development Bank of Southern Africa, Standard Bank kanye nabe Infrastructure Finance Corporation.

i Board of Trustees and neKomidi lezeMnotho bonke bazemukele izinhloso zomgomo wokutshalwa kwezimali kanye nokubolekiswa kwayo. Yingakho sikujabulela ukubika ukuthi kulonyaka omusha wezimali kunemisebenzi engadla uR390 million necutshungulwa iKomidi lezeMnotho. Uma yemukeleka, lokhu kufakwa kwemali kungakhulisa umnotho futhi kuvule namathuba omsebenzi acishe afinyelele ezinkulungwaneni ezintathu (2 650) kuso sonke isifundazwe njengoba lezozindawo esezikhethiwe zinendawo eyenele okuhlanganisa ezisemadolobheni nalezo zasemakhaya, okuyiJozini, Ballito kanye ne Amanzimtoti.

Lesikhwama sesithuthukise nomsebenzi wepayipi, olinganiselwa ku R1,113 billion kanti lokhu kuhlenganisa nokuvuleka kwamanye amathuba asezigabeni ezehlukene afana no R910 million esigabeni esandulela esokuqala, imali elinganiselwa ku R1 billion ezigabeni zokuqala zokuhlaza nelinganiselwa ku R130 million esigabeni sokugcina sokuphasisa- kuhlenganisa nemikhakha ehlukeni. Kulandela ukungahambi kwezinto ngendlela efanele ngonyaka odlule kusalindelwe ukuphasiswa kwezivumelwano zezimali, i Growth Fund kufanele isebenze kulonyaka, ikakhulakazi, njengesiphethu sokukhulisa umnotho nokunikezela ngoxhaso lwezimali kosomabizininzi abasacathula.

I-DUBE TRADE PORT:

Njengoba inkundla yebhola i Moses Mabhida Stadium isiya ngasemaphethelweni, sinentokozo ukubika ukuthi nenye futhi indawo emqoka ngokufanayo, i Dube Trade Port kanye ne King Shaka International Airport nazo seziqala ukubonakala njengoba kumanje sekwenziwe kuzona umsebenzi olinganiselwa kumaphesenti angamashumi ayisithupha nesithupha (66%).

Zonke izakhiwo okuhlenganisa indawo yabagibeli kanye neyokulayishwa kwempahla kanye nazo zonke izinhlaka zokwesekela, konke sekungaphansi kophahla. Sikhuluma nje sekumbozwa ngetiyela lokugcina lapho kuzokugijima khona izindiza kanti kuze manje sekusetshenziswe imali eyizigidigidi ezinhlanu (R5 billion) ukwenza lomsebenzi omkhulu kangaka. Kuze kube imanje isifundazwe sesifake isandla ngesamba semali eyisigidigidi esisodwa (R1 billion). Sinentokozo futhi nokubika ukuthi ngokwemigomo ye BBBEE ebekwe kulenkontileka, icishe ifinyelele ezigidini eziyishumi nane (R13.8 million) imali esetshenzisiwe ekuthuthukiseni izinkampani, kanti isamba semali elinganiselwa ezigidini eziyisikhombisa nengxenywe (R7,1 million) kube ngesokuthuthukiswa kwamakhono, kwathi esiyizigidigidi ezinhlanu nengxenywe (R5,6 million) sasetshenziselwa ekuthuthukiseni umphakathi oseduzane nesikhumo sezindiza.

Isamba semali eziyizigidigidi esisodwa nengxenywe (R1,4 billion) sisetshenziselwe ukuhlomulisa izinkampani ezingaphansi kohlelo lwe-BBBEE ngokwama sub contractors. Lomsebenzi okulindeleke ukuthi ube sewuphelile futhi ususebenza mhlaka l May 2010 kubonakala wenza omkhulu umehluko ekuguqulweni kwenhlalo nomnotho.

Uma sibheka ngasezindabeni zemvelo, zenziwa zonke izibopho zokuvikela ezemvelo abenkontileka ngaphansi kweso elibukhali loMnyango wezindaba Zemvelo. Kusenjalo, ukukhathazeka mayelana nokundiza kwezinkonjane kulendawo kanye nesikhathi ezindiza ngazo kwahlolwa ngohlelo lokwelusa izinyoni oluyisipesheli elenziwe ngabe NASA. Sekuqaliwe nokukususwa kwezitshalo zokufika kanti sekuqediwe futhi nokuvuselelwa kwexhaphozi kanjalo ne Agrizone Master Plan. Umasipala kanye nezakhamuzi bazibandakanyile ukuklanywa kabusha kwe Mount Moreland.

Izivumelwano zomhlaba ezisasele kanye nentshisekelo yama shareholders phakathi kwe ACSA kanye ne DTP sekuphuthuliwe kanti sekusele nje ukuthi kurejistwe ngaphambi kokuthi kudluliswe ngokusemthethweni. Ekulangazeleleni ukufeza isibopho sokuba ngumkhuthazi wokuthuthukiswa komnotho othinta ezasemoyeni, iDTP ikwazile ukusebenza nabe Tongaat Hullet Group ukwenza uhlelo oluvulelekile kanye nesu lokuthi kube nedawo evulekile ongayizungeza amakhilomitha angamashumi amathathu ukusuka kulendawo. Lokhu kusebenzisana nabe Tongaat Hullet, sethamba ukuthi kuzodala ubuhlobo besikhathi eside okuyoholela ekutheni kuphinde kutholakale omunye umhlaba uma kuzokwenziwa imisebenzi yentuthuko. Loku kuyoba nomthelela obonakalayo ekwenzeni lesisikhungo sithuthuke.

Uma sesibheka unyaka ozayo, indawo yokulayisha impahla kulindeleke ukuthi kube isona isakhiwo sokuqala esinikezelwa kubakhi ngasekupheleni kukaMandulo (September), kanti singase simemezele ngokusemthethweni khona maduzane nje abazosebenza kulesakhiwo. Ngesikhathi esifanayo, sethamba ukuthi sizokwazi ukumemezela amagama ezinkampani eziphumelele ezicelweni zalabo abazokwakha amahotela, amahovisi kanye nezitolo- kanti ngaphezu kwakho konke lokho, sizophinde sigxile ekuqhubeni izingxoxo nezinye izinkampani zezokundiza ukuze sithole enye inkampani yezokundiza engakwazi ukusebenza ngaphambi kokuba siqale lesikhumulo ukusebenza ngonyaka ozayo.

Unyaka wezimali ka 2009/2010 usinikeza ingxubevange yamathuba kanye nezinsalelo.

Njengoba sesike sabalula, lenkulumo mgomo siyethula ngesikhathi esinzima sezomnotho nesiingazikhethelanga sona. Yize noma isimo somnotho sintengantenga, lezizimo aziwehlisi umthwalo walokho okulindelwe kithi ngabantu bakithi. Ngokufanayo, nathi asilindelanga ukwenza okungaphansi kwalokho okulindelekile, kodwa ngokubambisana nabalingani bethu, nangawo lonyaka wezimali, singakwazi ukuphakama size sithinte isibhakabhaka.

IZINHLELO EZIBALULEKILE EZISEQHULWINI

Njengengxenywe yemizamo yokubhekana nesimo somnotho esinzima, uMnyango uzibophezele ekwenzeni izinto eziningi ezibonakalayo ezizokwazi ukwenza isimo somnotho sibe ngesingcono siphinde futhi siqinise umnotho wesifundazwe.

UMnyango wethu usuhlonze izinto ezibalulekile ezilishumi ezimqoka esizimisele ukuzenza sibambisene nozakwethu kwezamabhezini nakwezabasebenzi kanjalo nomphakathi wakithi. Njengoba sazi sonke sizibophezele ekuthuthukiseni umnotho ozokwazi ukwenza ngcono izimpilo zabantu bakithi, uphinde futhi uvule amathuba okuthi abantu bakithi babeyingxenywe yomnotho.

.Kulesikhathi esikuso njengamanje sethembisa ukuthi:

1. Sizobeka phambili ukusimama kwemikhakha emqoka emikhakheni yomnotho wasemadolobheni, bese sikhuthaza ukukhulisa umnotho ngezinhlelo ezibambekayo. Izindawo ezibalulekile zokungenelela kuzokuba ukugxila ezintweni zokusekela leyomikhakha emqoka ebhekene nokwehla komnotho.
2. Sizogqinisekisa ukuthi sisiza imikhakha yomnotho esezingeni lomnotho wokuqala ukuze ikwazi ukwakha amathuba emisebenzi nokuthuthukisa intshisekelo kubantu bakithi ukuze bakwazi ukuzivulela amabhizinisi abo. Lokhu kuzohlenganisa nokunikeza imiklomo kosomabhizinisi abancane abafana nama co-operatives nama SMMEs abaveza uthando nentshisekelo yokudlulela emabhizinisini amakhulu. Lokhu kuzokuba nomthelela obonakalayo ekuqinisekiseni ukuthi ukudla ezweni lethu kuba yinala kanye nokuthi intuthuko yasemakhaya iyakhula.
3. Sizogqondanisa amasu kahulumeni enzelwe ukukhuthaza ukukhuliswa kwenhlalo nomnotho kanye nazo zonke izidingo ngqangi zezomnotho ukuqinisekisa ukusebenza ngokubambisana kuyo yonke inqubo yezinguquko. Ukuqalwa kwe Provincial BEE Strategy ngaphakathi kohlaka lwe Broad-Based Black Economic Empowerment Codes kuzosebenza njengomkhombandlela wokuthuthukiswa kwayo yonke imikhakha yomnotho wesifundazwe.
4. Sizogcizelela ukwehlukana kwamandla omnotho wesifundazwe okuvela emqulwini womnotho wezifunda zethu, ngokuqoqela ndawonye kumakethwe namathuba okutshala izimali ngokuhambisana ne Provincial Spatial Economic Development Strategy (PSEDS) kugxilwe ekukhuleni kwesiqu kanye nemigudu ngaleyondlela kuqinisekwe hayi nje ngokwenzeka emnothweni kodwa nakubantu besifundazwe imbala.
5. Siguqule ubudlelwano kwezohwebo namazwe omhlaba kube ngokubonakalayo. Ngokomlando, lesifundazwe sinobudlelwano namazwe amaningi omhlaba okuhlelwe kwaba semthethweni ngezivumelwano nesifundazwe. Kuyinhloso yethu ke ukuthi siqale sisebenzise lezivumelwano zokuhwebelana ukuze sibone izithelo zomnotho eziphathekayo zingena kulesifundazwe ngaleyondlela siphuthume lezo ezikhombisa amathuba asheshayo okukhula.
6. Siqinise ukusebenzisana kwethu nezinhlaka ezikhona ukuze kube nokucobelelana ngolwazi kuthuthuke nomnotho.
7. Sandisa ukutshalwa kwezimali ekuthuthukisweni nokumakethwa kwemikhiqizo yezokuvakasha. Ngokubheka ubumqoka bokuhleleka komkhakha wezoKuvakasha, ngokunikela ngamaphesenti ayishumi (10%) ku-GDP yesifundazwe, sizokwenza ukubhekelela okuyisipesheli ukuqinisekisa ukuthi imidlalo ka 2010 isetshenziswa ngokugcwele ukuveza ukuthi isifundazwe singamelana nezokuvakasha. Isifundazwe saKwaZulu-Natali sizomakethwa kakhulu njengendawo yabatshali zimali kanye nezivakashi. Sizogqala futhi nomkhankaso wokuthuthukiswa kwe Tourism Master Plan okuyiyona eyokhomba indlela ebheke ekukhulisweni nokuthuthukiswa kwalomkhakha.

8. Sizozhubeka nokugxila nentuthuko emayelana nemidlalo yebhola lomhlaka ngo nyaka ozayo ka2010. Kululuhlangothi, umphakathi wamabhizinisi wakulesifundazwe kuzomele uzibeke endaweni ezokwenza usizakale kakhulu ngalomqhudelwano webhola ngesikhathi futhi wakha ubudlelano besikhathi eside nalabo abangabatsali zimali kanye nezivakashi abakube bekuleli lakithi. uMnyango unesu elibanzi oqale ukulisebenzisa ngo 2008/2009. Lokhu sekuholele ekuthini isifundazwe saKwaZulu-Natali sibe yisifundazwe sokuqala kulelizwe ukuba ne website emayelana ne 2010 nenikeza ulwazi ngezinto ezehlukene nangokuqhubekayo kanye nezindlela ezehlukene zokuxhumana ukuqwashisana ngemidlalo ka 2010. UMnyango uqhuba uhlelo lwama Public Viewing Areas okuwuhlelo lokuqinisekisa ukuthi abantu bakithi ikakhulukazi labo abahlala ezindaweni zasemakhaya esifundazweni, nabo bayakwazi ukulibuka lelibhola.
9. Sizophothula imithetho sivivinyo edingekayo ukusiza ukusebenza okugcwele koMnyango kanye nezinhloko zawo ekutheni ukwazi ukufeza izinhloso kanye nokusheshisa ukukhula kwezinguquko zomnotho ezibonakalayo. Lemithetho-sivivinyo i-Liquor Bill, The Dube Trade Port Bill, The Trade and Investment Bill kanye ne Film Commission Bill.
10. Sizosungula i Special Purpose Vehicle ezohlenganisa ukusekela kukahulumeni abantu bakithi abahlomule ohlelweni lukahulumeni lokubuyelwa umhlaba ukuze bakwazi ukwenza inzuzo.

IZIMEMZELO EZINTSHA

UKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO

1. Inkomfa yezokufukula umnotho

Sihlalo, kusobala ukuthi ukwenza izinto ngokuxhamazela njengoba isimo somnotho sinzima kanje akulungile. Kuyinto eyaziwayo ukuthi kukhona ukuvumelana kuzo zonke izigaba zikahulumeni okazwelonke, nowesifundazwe, kanye nowomasipala ukuthi ukwenza kwethu izinto kumele kube ngokukhethekile kanti kufanele kufukule umnotho kanye nezimboni okuyizona ezingumgogodla womnotho. Kungaleso sizathu ke uhulumeni wesifundazwe saKwaZulu Natali uzimisele ngokubiza umhlangano wokufukulwa komnotho okuhloswe ngawo ukuthuthukisa isu lokuvikela, lokugcina, kanye nokukhuthaza ukukhula komnotho wesifundazwe. Isihloko sawo sithi :

“Roadmap Towards KZN’s Economic Recovery”. Kulindeleke ukuthi lomhlangano uqhamuke namagqinga aphahekayo okuthuthukiswa komnotho. Kuzogxilwa ekuthuthukiseni umbono wentuthuko yezimboni zikahulumeni futhi phakathi kukahulumeni kanye nabambisene nabo. Sesivele sivumelene nezinhlangano esisebenzisana nazo, ikakhulukazi ezomphakathi, ezihlanganisa I COSATU kanye nabangaphansi kwayo okuyi SACTWU kanye ne NUMSA ngokuthi sonke ngokuhlanganyela sizozama ngokusemandleni ethu ukunciphisa lokhu kufadabala komnotho esifundazweni sethu .

2. Ukuthuthukisa ukusebenzisana phakathi koMnyango nezikhungo zomphakathi zomnotho

Sihlalo, eminye yemisebenzi esibekelwe yona ukukhulisa umnotho wesifundazwe ukuze kusizakale wonke umuntu. Izakhiwo zikahulumeni zimqoka ukufeza lenhloso. Njengoba zisebenza ngokuhlangana kwezinto ezihlukene ukufeza lenhloso, ngaleyondlela kubalulekile ukuthi zizimele ngendlela ezisebenza ngayo, kumele kube nokuhlangana ekufinyeleleni enhlosweni enkulu. Ngaleyondlela, izikhulu eziphezulu zezakhiwo zikahulumeni kanye nenhloko yomnyango, kumele bahlangane njalo ngenyanga ukubhunga ngezindlela abazowenza ngayo umsebenzi futhi lokhu kube inkundla abazobhekana kuyo nezinselelo okungenzeka ibhekane nesinye isakhiwo sikahulumeni ngaphambi kokuthi zigcine sezinyinhlekelele. Lesigungu sizophinde sihlangeane nongqongqoshe njalo emva kwezinyanga ezintathu ukubheka inqubekela phambili kanye nokuthola indlela ebheke phambili. Lena indlela yokwesekela lezakhiwo ukuze zikwazi ukusebenza ngendlela. Lokhu akusho ukuthi sifuna ukuthatha amandla alezikhungo.

3. Imifelandawonye

Sihlalo, imifelandawonye isalokhu ingezinye zezinsika ezibalulekile lapho uMnyango ufuna ngazo ukwakha ukuxhumana phakathi komnotho wasemadolobheni kanye nowasemakhaya. Nakuba kukhona inqubekela phambili ebonakalayo ekwenziweni ngcono kwemifelandawonye, nokuyisebenzisa njengesiqalo sokuthuthukiswa komnotho, sibona nokho kufanele sitshintshe indlela uHulumeni asekelo ngayo imifelandawonye. Ngalandlela, sizimisele ukuqala uhlelo lwemifelandawonye oluzogxila emikhakheni yamabhezini athuthukayo. Ngokwenze njalo, sizokwazi ukubheka amandla omkhakha ngamunye sihlaziye nokwenza komnotho ngaleso sikhathi. Ukuqinisekisa ukuthi isebenza kahle imifelandawonye, sifuna ukuqinisa izinhlelo zethu zokuqinisekisa ukuthi imifelandawonye isebenza ngendlela kanye nezinhlelo zokuyisekela ukuze lezinqola ezibalulekile zokuthuthukiswa komnotho zikwazi ukuthela izithelo ezibonakalayo.

4. Ukuthuthukisa ubunye ezikhungweni zamabhezini

Sihlalo, enye yezinto ebonakalayo yomnotho ophumelelayo, ukuba khona kokusebenzisana phakathi kosomabhezini. Ukuthuthukiswa kwezinhlelo zamabhezini ezinye zezindlela zakudala zokwakhiwa kwamabhezini. Ukuhlola kwethu kulesifundazwe saKwaZulu Natali, kuveze ukuthi, ngezizathu ezehlukene, izinhlelo zamabhezini azisebenzi ngendlela, ikakhulukazi ekuvezeni imibono yosomabhezini nokuhlanganisi osomabhezini abafufusayo nabasemnkantshubomvu.

Siphinde saqaphela nokuthi izikhulu ezinamandla zezimboni ezinkulu azizihlanganisi lezinhlelo zamabhezini. Ngaleyondlela, lezinhlelo zamabhezini zincishike amandla obunyoninco kanye nokusebenzisana phakathi

kwamabhizinisi asafufusa nalawo aseiyibekile induku ebandla. UMnyango wethu usuzoqala umkhankaso wokusiza ukuvuselelwa kwalezizinhlaka zamabhizinisi nokubuyisa isithunzi sazo njengendawo yokucobelelana ngolwazi.

5. Ukuthuthukiswa ukusetshenziswa kwesifundazwe njengeKomkhulu

Sihlalo, umncintiswano wokuzama ukuheha osozimboni ngenxa yesimo esibi somnotho emhlabeni, usho ukuthi isifundazwe kuzomele sisebenze kakhulu ukuzimaketha hayi nje kuphela njengendawo okungatshalwa kuyo izimali, kodwa njengesifundazwe esibuyisa inzuzo engcono kakhulu. Njengengxenye yalomkhankaso, uMnyango wethu usuzibekele isikali esithile hayi nje ukuthola izinkampani ezizofaka izimali zazo esifundazweni, kodwa nokwenza imizamo yokunxenxa izinkampani ezenza umsebenzi wazo webhizinisi ongaphezu kwamaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili (80%) kulesifundazwe, ukuba zisebenzise iKwaZulu Natali njengekomkhulu lazo. Sikholwa nawukuthi nangendlela esibeke ngayo lesifundazwe, isona kuphela kulelizwe esinamachweba amabili asebenza kakhulu e Africa, lokho okusho ukuthi izinkampani zingakwazi ukwenza izizinda zazo kwezamabhizinisi kulesifundazwe. Sikholwa ukuthi lokhu kungaba nomthelela omuhle ekudlondlobaliseni umnotho wesifundazwe saKwaZulu-Natali.

6. Isigungu esizoluleka uNgqongqoshe

Sihlalo, ukutshika kwesimo somnotho emhlabeni kusho ukuthi kufanele kube nokusebenzisana okukhulu kanye nokucobelelana ngolwazi phakathi kukahulumeni kanye nayo yonke imikhakha yomphakathi. Ukuze isifundazwe saKwaZulu Natali sibe yisikhondlakhondla kwezomnotho, kudinga kwenziwe imizamo ukuqinisekisa ukuthi siyakwazi ukucobelelana ngolwazi nezinye izinhlaka zomphakathi yethu. Ngaleso sizathu, uNgqongqoshe uzosungula isigungu songoti kwezomnotho esizokwazi ukweluleka uNgqongqoshe ezindabeni zemigomo, nanokuthi kungaqinisekwa kanjani ukuthi iKwaZulu Natali iyona ehamba phambili ngokukhanga abatshali zimali. Uma sekuphuthuliwe konke lokhu kuqokwa kwamagama amalungu alesigungu, siyobe sesikumemezela ngesikhathi esifanele.

7. Umgomo wezokubolekiswa kwezimali

Sihlalo, ngezizathu ezehlukene, futhi iningi lazo elingelihle, lthala linekwe kabi ngabezindaba emphakathini, ngoba kuthiwa kungenxa yendlela elisebenza ngayo. Okuyindikimba yalokhu kukhulunywa kabi, izinsolo zokuthi kunabanye abathola usizo lwezimali eThala ngendlela engacacile. Lezinsolo ezingenasiqiniseko, sizithathwe njengento ekhona nakuba kungekho phenyo oseluke lwenziwa, kodwa kwaphethwa ngokuthi nebala ukhona umkhonyovu owenziwayo ophambene nendlela yokusebenza kwalesikhungo. Nakuba sikholwa ukuthi akukho lutho olwenzekile olufana nokunikezwa kwemali kwabathile ngendlela engafanele noma izakhiwo ezithile, kepha ke sesikhethe ukuqhamuka nomgomo ocacile ozokwengamela ukubolekiswa kwemali ezakhiweni noma kubantu abathile abayizihlobo zabathile abasezikhundleni futhi abangaba nezwi ngandlela thile kulesikhungo. Sesiya

ngasemaphethelweni alenqubo mgomo ngombono wokuba sibhekane ngqo nalezinsolo unomphelo. Nokho, sifuna ukukusho kucace ukuthi kuyinto ejwayelekile emhlabeni jikelele ukuthi labo abayizihlobo nabantu abasebenzela izikhungo zezimali ngeke banqatshelwa usizo lwezimali ngenhla yokuthi bahlobene nabantu abasebenzela lezikhungo. Lokhu kungaba ukubacwasa. Ngokufanayo, siyazi ukuthi naso lesikhungo kumele siqaphelisise ekusebenzesaneni kwaso nabahlobene nabantu abayizikhulu kulesikhungo. Njengesifundazwe saKwaZulu Natal, siyakholelwa ebuhlakaneni kwabesilisa nabesifazane abasebenzela iThala.

8. Uhlelo lwama SPV

Sihlalo, ukuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya kuseseqhulweni lomgomo omqoka kahulumeni wethu. Kusukela ngo 1994, uhulumeni wethu usutshale imali engu R3,9 billion kubalimi abahwebayo kanye nokusheshiswa kohlelo lokubuyiswa komhlaba. Nokho ngenxa yezinselelo eziningana ezifana nokuhlanganiswa kokungenela kukahulumeni, sekube nokwehla emkhizweni wabalimi abenza inzuzo nakwezomhlaba osubuyiselwe kunakazi bawo njengengxenywe yohlelo lokwabiwa komhlaba. Uma ke sibhekana ngqo nalezinsalelo, sesizoqhamuka nesu le One-Stop-Shop nge Special Purpose Vehicle (SPV) elizodidiyela lonke uhlelo lukaHulumeni lokuxhasa abantu bakithi abahlomule ngaphansi kohlelo lukahulumeni wakithi lokubuyiswa komhlaba. Lelisu lizobheka neqhaza elibanjwa umkhakha webhizinisi yezolimo, ezolimo ezihlelekile kanye nezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni ngokutholakala kohlelo lokweseka oluphelele. Ukuhlanganiswa kwemali yokuxhasa (elinganiselwa kuR1 billion ngo 2009/2010) kanye nezinsizakalo kuzokwenza kube nomphumela obonakalayo kulabo abahlomula ngokubuyiselwa komhlaba okuhlanganisa nokuhlonyiswa ngamakhono ngaphambi kokuthola lowo mhlaba. UMnyango unikezwe isibopho sokubamba iqhaza ekusungulweni nokuphathwa kwalolu hlelo lwama SPV.

EZOKUVAKASHA

1. Uhlelo lokwandisa izindawo zokulala nezimoto eziqashisayo

Lesifundazwe sethu sidume ngokuhamba phambili kwezokuvakasha, ikakhulakazi izivakashi zakulelizwe. Namanje sisenenkinga yokuhlinzeka izivakashi zethu ngesibalo esidingekayo semibhede kanjalo nezimoto eziqashiswayo. Ucwango olwenziwe lokuhlangabezana nendawo yokulala kanye nokuthutha izivakashi zethu, uma sizobheka nje ngomjaho wamashi, iVodacom Durban July, luveze obala ukuthi sisashoda kakhulu kulokhu. Ngaleyondlela uMnyango wethu, ubambisene nesisebenzisana nabo, uzoqhamuka nesu lokwandisa isibalo semibhede kanjalo nezimoto eziqashiswayo ukuze lesifundazwe sethu sibe nemibhede elingele ngou 2010.

2. Uhlelo lokwandisa izivakashi

Nakuba kunokwehla komnotho, imboni yezokuvakasha ingenye yezimboni ezidlondlobala kakhulu emhlabeni. Kuyinto eyaziwayo ukuthi isifundazwe saKwaZulu-Natali silinyuse kakhulu izinga ekuheheni izivakasha

kuleminyaka edlule. Yize noma kunjalo kodwa sikholelwa ukuthi kusekuningi esingakuzuzwa kulomkhakha. Kungaleso sizathu uMnyango wethu nonyaka uzozikhandla ngokwenza ngcono imakethe yezokuvakasha. Ngalandlela sifuna ukuqinisa kakhulu imizamo yokuthengisa lesifundazwe ikakhulukazi kulezo zingxenywe zomhlaba, ezifana ne Far East. Sikholwa nawukuthi ngendlela esibekeke ngayo kwibalazwe lomhlaba, nanokuthi sihambisana nesikhathi namazwe amaningi aseYurophu, sizoqinisekisa ukuthi lokho kukhulisa izinga lezokuvakasha KwaZulu-Natali. Ngokulandela lokhu, kudinga izimakethe zethu zezokuvakasha sizihlukanise ngezigaba, ukuze sibe nesiqiniseko sokuthi siyabanakekela nabasemazingeni aphantsi, abaphakathi nendawo nalabo abaphezulu. Okunye okubalulekile ngalemakethe ukuthi sizothola nezivakashi ezisuka kulo lelizwekazi lase Africa. Sikholwa ukuthi imidlalo ye2010 FIFA Soccer World Cup izosinikeza ithuba elingqayizivele hayi nje ukumaketha lesifundazwe emazweni omhlaba kodwa nokuqiniseka ukuthi iKwaZulu Natal iba indawo yezivakashi ngokunikeza impatho engeke ize ilibaleke.

3. Amanxusa ezokuvakasha

Sihlose nokuqala uhlelo lwamanxusa ezokuvakasha (tourist buddies), oluzombandakanya abesilisa nabesifazane abazosebenza ezindaweni zomphakathi abazokwazi ukuba ubuso obemukela zonke izivakashi zethu, banikeze usizo, okuhlanganisa ukuyalela ngezindlela (directions) labo abazokube bevakashile. Lamavolontiya azoqeqeshwa kwezokuphatha abantu, ukunakekela kanti bayosebenzisa nobuhlakani babo ukuze izivakashi zethu zikuthokozele ukuvakasha kwazo. Lokhu kungahlanganisa abetha uphethiloli emagalaji, abapakisa izimoto ngisho nabezomthetho. Sikholwa ukuthi lomqondo uzosisiza nanokubhekana nobugebengu ezicekela phansi igama lethu elihle lokuhlukumeza izivakashi. Kulonyaka ozayo sizogala ukuqeqesha lamanxusa.

4. Amabhanoyi aqonda ngqo, KwaZulu-Natali

Kuyintokozo ukumemezela ukuthi kusukela mhlaka 1st of October 2009, izindiza ze Emirates zizoqala ukundiza zisuka ngqo e Dubai zize eThekwini nsuku zonke. Ukuhlabana okukhulu kwesifundazwe sethu lokhu kanti kumqoka ekwakheni isisekelo sokuheha nezinye izinkampani zezindiza. Sizogala umkhankaso omkhulu wokunxenxa nabanye bezindiza ukuba nabo bandize beze ngqo eThekwini. Silindele nokuthola nezinye izindiza okungenzeka zingasetshenziswa izinkampani zazo, ukuthutha izivakashi eziza kulesifundazwe.

ISIPHETHO

Sihlalo, isimo esikhona kwezomnotho sifake inselelo kithi sonke ukuthi sibe nobuhlakani ngendlela esenza ngayo izinto. Ngenxa yesimo somnotho emhlabeni wonke jikelele, abatshali zimali sebeqale bayibhekisesi indawo ngaphambi kokuthi batshali izimali zabo. Lokhu kusho ukuthi njengesifundazwe, sidinga ukushintsha izindlela

esenza ngayo izinto, bese siqhamuka nezindlela ezihlukile zokunxenxa abatshali zimali. Sikholwa ukuthi amasu esiwethule kulesabelo zimali awazukusisiza nje kuphela ukubhekana nesimo somnotho ontengayo kodwa azokwenza kube nenqubekela phambili emva kwalesimo esibi somnotho. Lesimo somnotho esikhona njengamanje sisinikeza ithuba lokubuyekeza amasu ethu abangekatheli izithelo ezifunekayo bese siqhamuka nezindlela ezintsha ukukhuthaza umnotho wesifundazwe, kanye nokwandisa amathuba alethwa ezokuvakasha.

Uma kunesifundo okudinga sonke sisifunde ngalesimo esikhona njengamanje, ukuthi kudinga sicabange kabanzi. Lokhu kushwabana komnotho kusho ukuthi lesifundazwe sethu ngeke sikwazi ukwenza izinto ngendlela ejwayelekile, njengoba kuya ngokwanda ukuncintisana ngokutshalwa kwezimali emhlabeni jikelele. Lena inselelo esizimisele ukubhekana nayo mahlanze siwumnyango ngokuhlanganyela nezinhlaka zethu.

Sihlalo, izimo ezingaphezu kwamandla ethu zenze ukuthi sizimisele kakhulu, nakuba sibhekene nalesimo esibi sezomnotho. Ngingasho ngiliphinde ukuthi ukuthi sicelewe ukuba senyuke kanti ngokwezinhlelo zethu sizosithinta isibhakabhaka.

Njengoba sesithathe izintambo zalomnyango kuNdunankulu wesifundazwe ubaba uDokotela uZweli Mkhize, sifuna ukusho ngokuzithoba ukuthi sizoqhubeka ngokusebenza ngokuzikhandla ukwenza isimo salomnyango sibe ngesingcono. Lesisimo esibhekene naso sidinga abantu bakithi abaziyo ukuhlukanisa phakathi kwezimo ezijwayelekile nezimo ezinzima. Lesi isikhathi sabantu bakithi abanesibindi futhi nabakwaziyo ukubhekana nezinsalelo mahlanze bazichithe. Inkundla isivuliwe kithina sonke. Asisebenze ngokuzikhandla ngokubambisana ukuze izizukulwane ezizayo zibone umnikelo esiwenzile ekwenzeni impilo yazo ibe ngcono. Uma sesikwenzile lokhu, siyokhunjulwa njengesizukulwane esakwazi ukubhekana nezinsalelo ezinzima, sasebenza ngokubambisana ukwenza izimpilo zabantu bakithi, nezezizukulwane ezizayo, zibe ngcono.

Uma sengiphetha, Sihlalo, ngifisa ukubonga bonke labo ababenomnikelo ekuguqulweni komnotho wesifundazwe sethu kuleminyaka emihlanu edlule kanye nezayo. Ngaphansi kobuholi obunobuhlakani baloNdunankulu okhona njengamanje, uDokotela uMkhize, loMnyango usuvule iminyango yekusasa ngokuhlanganisa iziqalo zeminotho emincane naleyo ephakathi nendawo. Sithanda ukubonga neNhloko yomnyango, uNksz Carol Coetzee, abambisene nabo kwezokuphatha kanye nezisebenzi ekuqinisekiseni ukuthi loMnyango uhlala usebenza ngokuzikhandla nakuba isimo sezimali singahambi kahle ngenxa yalesimo esibi somnotho. Sibonga neqhaza elibanjwe izinhloko ezingaphansi komnyango wethu nawo wonke ama CEOs nezisebenzi zezakhiwo zikahulumeni kanye nabamabhezini azimele ekukhuliseni ithuba kubantu bakithi ngekusasa labo.

Manje sengizodlulisa isabelo zimali sika VO FOUR, okungesoMnyango wokuThuthukiswa kwezoMnotho nezokuVakasha sika 2009/2010 ngalezinhlelo ezilandelayo:

Izinhlelo zoMnyango	Isabelo seziMali (R'000)
1. Ezokuphatha	R118,189
2. Ezomnotho ezididiyelwe	R558,950
3. Ezohwebo neziMboni	R1,740,755
4. Ukulawulwa kwaMabhizinisi kanye nokuphathwa kwawo	R52,538
5. Ukuhlelwa kwezoMnotho	R17,238
Total	R2,487,690

Ngiphakamisa isabiwo mali sika **R2, 487, 690, 000** sonyaka mali **2009/2010**. Ngiyasiphakamisa...

NGIYABONGA

Michael Mabuyakhulu, MPP
uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa kwezoMnotho nezokuVakasha
KwaZulu-Natal
 22/07/2009